

USARS uyasemukela isinqumo seNkantolo Ephakeme (Gauteng Provincial Division) mhla 11 luLwezi 2022

USARS usemukele isinqumo seNkantolo Ephakeme sokuchitha uMbiko woMvikeli woMphakathi "Ngophenyo ngezinsolo zokungaphathwa ngendlela, inkohlakalo kanye nokungaqokwa ngendlela kwabazosebenza kanjalo nokungaziphathi ngendlela koPhiko Lwemalingeniso Eqoqwayo LwaseNingizimu Afrika (SARS) mayelana nokulawulwa kwethenda ye-*Provision of Bespoke Software Development, Maintenance and Support Services* okuzosiza uSARS isikhathi esiyiminyaka eyi-7 (isikhombisa)".

Okungumongo wemiphumela equkethwe umbiko woMvikeli woMphakathi ukuthi uSARS wanika ngendlela engafanele umsebenzi wozobuchwepheshe bezokuxhumana i-IT kuBBD, umhlinzeki, nokuthi ukwenza kukaSARS kuyindlela yokuziphatha engeyinhle ngokwesigaba 182(1)(b) soMthethosisekelo kanye nesigaba 6(4)(a)(iii) soMthetho woMvikeli woMphakathi.

USARS uyajabula ngokuthi inkantolo nayo ivumelana noSARS ekutheni umphumela nokumele kwenziwe okuqukethwe kuMbiko woMvikeli woMphakathi akunangqondo, akukho emthethweni futhi akunabulungiswa nokuthi iNkantolo iwuchithile uMbiko.

I-BB&D idlale indima esemqoka oHlelweni lwakwaSARS lokuwenza kube owesimanje i-Modernisation Programme, okungesinye sezindaba zempumelelo elusebenzeleni umphakathi esikhathini sentando yeningi. Umbiko weKhomishana yoPhenyo ebiphenya ukuPhathwa kweNtela nokuBusa okwenziwa UPhiko Lwemalingeniso Eqoqwayo LwaseNingizimu Afrika ("**iKhomishana ka-Nugent**") uthole ukuthi, kowezi-2014, "USARS wawunomnyango weIT osebenzayo futhi osezingeni eliphezulu" futhi impumelelo yawo ibhalwe kahle phansi.

Uhlelo i-Modernisation Programme, olwasungulwa owayenguKhomishana uGordhan kowezi-2004, lwenza uSARS ukwazi ukuguquka usuke ekubeni isikhungo sandulondulo esithembele ezinqubweni ezenziwa ngesandla, esisebenzisa izinhlelo zekhompyutha ezindala, kanye nenqwaba yamadokhumenti angamaphepha, saba yilesi esisebenzisa ubuchwepheshe bezinga eliphezulu nolwazi olugcinwe kwezobuchwepheshe ukuthuthukisa izinga lokukhiqiza, ukusebenza kahle nangempumelelo.

UKhomishana uKieswetter uthethe: "*Kusukela kowezi-2006, uSARS uqoke ukuqalisa ukusebenzisa isisombululo esiyinxubevange, okuqukethe inhlanganisela yezinhlelo ezenzelwe umuntu ngomuntu nentengiselwano esheshayo, uhlelo oluningi lunobufakazi*

obubonakalayo. Yiyo ngqo indlela enobufakazi obubonakalayo ekwakheni isithangami se-IT sakwaSARS okubeke isisekelo esenze uSARS kuleminyaka embalwa eyedlule ukwazi ukunwenwisa usizo olunika abakhokhintela. Leli khonongqangi lwalubaluleke kakhulu ngesikhathi sidinga impendulo esheshayo yokuphendula ngesikhathi kuqala ubhubhane lokhuvethe i-Covid-19. Kodwa-ke, indlela enobufakazi obubonakalayo iza nezingqinamba zokuthola abazokwenza umsebenzi esingeke sizibalekele.”

“UMvikeli woMphakathi wayefuna ukuthola uSARS unecala ngokwenza into embi, njengezinye izikhungo ezilawulwa ngaphansi kweminye imithetho, uSARS wayehlose ukuthola ubucwepheshe obusezingeni eliphezulu obudingayo usebenzisa imithetho-nqubo ehlokelwe okunye. Uma nembala kunenkinga, akuyona indlela yokuziphatha yesikhungo sikahulumeni kanye nezisebenzi abaphumelele ekwenzeni uSARS ube ngowesimanje; kuba indlela yokuthola abazosebenza ngendlela yakuqala eyaziwayo, engakwazanga ukuhambisana nezidingo ze-IT zezikhungo zedijithali esikhathini seminyaka eyikhulu engamashumi amabili-nanye.”

“Ngebhadi, izinqubomgomo ezikhona zokuthola abantu abazosebenza nabazohlinzeka usizo kanye nemithetho-nqubo kaMgcinimafa kaZwelonke benze okuncane kakhulu ukugwema inkohlakalo ekutholweni kwabazohlinzeka usizo nomsebenzi abaningi, kodwa kunciphise izidingo zokutholwa kwabazokwenza umsebenzi ngokushesha kwemininingo yesimanje kanye nendlela yokwenza ibhizinisi ngobuchwepheshe efunwa uSARS.”

“Ngithokoziswe isimemezelo sakamuva esenziwe uNgqongqoshe weziMali ukuthi umthethosivivinywa i-Public Procurement Bill uzokwethulwa onyakeni wezi-2023. Kulindeleke ukuthi uMthethosivivinywa omusha uzolahla imithetho eyinkimbinkimbi nekhubazayo enqinda izinqubo zokuthola abazosebenza sikiphe amandla okuthola abazosebenza kuhulumeni ukuze abahlinzeki bentengiselwano bangakwazi ukwenza kuhambisane nezidingo zabo kumakethe. Lokhu kuzokwenza uSARS uqhubeke nohambo lokwakha uphiko lwakusasa ukusebenza kwalo okuzoncika eminingwaneni yemininingo, amakhompyutha akufundisa ngokwawo, ubuhlakani bobuchwepheshe kanjalo nokuxhumana kwabantu nezinsizakusebenza.

Ngolwazi olwengeziwe, sicela uxhumane ne Sarsmedia@sars.gov.za